







KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

uNgqongqoshe Wezolimo kanye NokuThuthukiswa KwemiMphakathi yaseMakhaya uNkk Thembeni kaMadlopha-Mthethwa ehola izicukuthwane ebezithamele lomcimbi. Ngakwesobunxele: uNdlunkulu maMyeni, uMhlonishwa T. P. kaMadlopha-Mthethwa, uMnu Blessed Gwala

Inspiring New Hope

Ube impumelelo umcimbi wokuhalalisela abalimi besiFazane abenze kahle kwezoLimo

Umcimbi womnyango wezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya Kwazulu Natali owaziwa ngokuthi yi-Phezu komkhono awards obubanjelwe e-ICC eThekwini Ngolwesibili mhlaka 24 kuNhlolanja 2026 ube ngenkulu impumelelo.

Lomcimbi waminyaka yonke wokuhalalisela abalimi abavelele besifazane esifundazweni ubuhanjelwe izinkumbi zabantu abakhombise ukuwuthakasela nokuweseka ngomsebenzi omuhle wokubungaza iqhaza elibanjwe abalimi besifazane, yintsha kanye nabakhubazekile. Ekhuluma uNdlunkulu Nomzamo (maMyeni) Zulu ongunkosikazi wesilo, ‘’mina kuyangithobisa ukuthi uNkulunkulu usithumele uDebora wesikhathi samanje umama uThembeni Madlopha Mthethwa ukuzosikhumbuza ngokubaluleka komhlabathi. Umhlabathi uyikho konke okudingwa umuntu ukuze akwazi ukuphila.

Sonke lapha siyinzalo yomhlabathi njengoba uNkulunkulu asibumba ngomhlabathi, kanti nokudla kwethu, amakhambi okwelapha, ukudla kwemfuyo nakho kuphuma emhlabathini. Mina ngiyinzalo yomhlabathi, ngondliwe ngawo kusukela ebuncaneni bami ngaze ngamdala abazali bami belima. Sikhule ekhaya silima, uma zivaliwe izikole abazali bebenza isiqiniseko sokuthi sishona ensimini. Lokhu kwenza kwano mthelela wokuba nginga kujabuleli ukulima ngisemncane ngoba kwasikhathi sokudlala sasingekho.

Ngize ngabona sengikhulile ukuthi kanti abazali babenza into ebaluleke kangaka, nekuyiyona engumongo wempilo. Likhulu iqhaza enilibambile njengabalimi kuleli lizwe lethu lase-Mzansi Africa, ningalinge nizenyeze noma nikubukele phansi enikwenzayo. Yonke imikhakha yezemfundo ekhona incike emikhiqizweni yezolimo, ngaphandle kwezolimo ukuphila akukho. Kusukela kwizingubo esizigqokayo kuye kukudla esikudlayo, amakhambi okwenza amaphilisi, konke kudinga imboni yezolimo. Ezolimo zikufundisa nokubekezela, awuthi uma-utshalile namuhla bese uvuka uyovuna kusasa. UNkulunkulu wakwenza ngamabomu ngalendlela ukuze sifunde ukubekezela.

Abekho abantu ababekezela njengathi esilimayo bomama, siyabekezela siphikelele kuze kulunge, sondle imindeni yethu, senze umehluko nasemiphakathini esikuyo. Siyani halalisela mbokodo ngomsebenzi omuhle eniwenzayo. Kungaba yiphutha ukuthi silambe umhlaba kaNkulunkulu ukhona. Lomhlaba sinikiwe wona ukuba sikwazi ukuwukhulumisa ukhiqize lezozithelo nezitshalo esizidingayo.Siyacela eMakhosini ukuthi ungadayiswa umhlaba ngoba sizophelelwa isinkwa” kubeka uNdlunkulu.

“Kuyangi jabulisa ukubona indlela ikomiti lakwa AIDA elithakwe ngayo. Lelikomiti lihlanganisa ongoti abehlukene abasebenza ezikhungweni ezimele KwaZulu Natali. Yilona leli komiti ebelikhetha licubungula imisebenzi yabalimi abangenele imiklomelo yePhezu komkhono yalonyaka ophelayo, kubeka umama Thembeni Madlopha Mthethwa ongumphathiswa wezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya KwaZulu Natali.













